Kumele iphele lento esiyibona kwezinye izindawo lapho intuthuko ibanjezelwa ngukuthi amakhansela nabasebenzi boMasipala abathile abafuni ukubambisana nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Abantu kumele baqonde ukuthi uHulumeni okhethwe ngentando yeningi waba semthethweni usuke sekungowakho noma ngabe awuholwa yiqembu lakho.

Ngikhuluma nje izolo besihlangene khona laphaya eMatimatolo sikhuluma lona lolu limi lokuthi abantu abafunde ukuhlonipha inqubo yentando yeningi, bazi ukuthi osuke esekhethwe yiningi uyena osekumele ubambisane naye ukuyisa impilo phambili.

Namhlanje-ke singuMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natali sithe ngoba ingxenye engu-3 km yomgwaqo u-P368 isiphelile ukufakwa itiyela, kuhle siyidlulisele emphakathini ngokusemthethweni.

Imali esisebenze kulo mgwaqo, kuhlanganisa nokufakwa kwenkwali kabusha komunye u-5.7 km walo mgwaqo, isingu-R18 million. Kukhona namathuba emisebenzi angu-64 asedalekile kubantu bendawo. Usuwonke lo mgwaqo uzokuba ngu-26 km ubude kanti uzothatha iminyaka yezimali emithathu. Isiyonke imali ebekelwe lo msebenzi ingu-R40 million, kanti abalelwa ku-220 esewonke amathuba emisebenzi azodaleka kubantu bendawo.

Ngalokhu sisho ukuthi impilo isishintshile emiphakathini yalapha esifinyelela kalula eMbangweni Clinic nakubafundi abaya eMqamathi High School, eFundokuhle High School, eMhlumba Primary School, KwaVulamehlo Primary, eDumaphansi Junior Secondary, eLwazi Primary, eBethulo Primary naseJojingwenya Primary School.

Omunye umsebenzi oxhumene nawo lona ngowomgwaqo u-P373 ongu-38 km ubude ohamba uze uyoshaya enkosini yaBaThembu. Njengamanje sesifake itiyela elingamakhilomitha amabili kanti siphezu komsebenzi wokuthi inyanga kaJuly 2011 iphele sesifake itiyela elingu-4.5 km kulo mgwaqo. Kuyimanje sesisebenzise imali engu-R12 million kwadaleka namathuba emisebenzi angu-60 kulo msebenzi.

Nawo lo mgwaqo uzokwakhiwa ngale minyaka yezimali emithathu ezayo ngemali ebalelwa ku-R50 million unyaka wezimali ngamunye, kwakheke namathuba emisebenzi angu-300 kubantu bendawo.

Nalapha kulo mgwaqo kuzosizakala abantu abaningi abasebenzisa iMahlangana Clinic nabafundi abaya eDlabesuthe High School, eMabizela High School, eMhlakothi High School, eNgongolo Primary School, eMathinta Primary School, eNomahaye Primary School, eMhlangana Primary School, eMahlahlamela Primary School, eMashunka Primary School, eSt Bernard Jolwayo Primary, eMangaliso Primary School, eMzomusha Primary School, eCabangokuhle Primary School, eSibumba Primary School naseMtateni Primary School.

Njengoba ngike ngancoma ukubambisana esikutholayo kule ndawo yamaChunu, kodwa ngiyafisa futhi ukuphinda ngigcizelele kulabo abasuke benikwe igunya lokuqasha abantu ukuthi bangalinge bafake indaba yobuqembu bepolitiki lapha. Uma uHulumeni eletha amathuba usuke ewalethela abantu bendawo abawadingayo, hhayi amalungu eqembu elithile.

Isikhathi sobandlululo sadlula kudala ngakho-ke akekho umuntu okumele acindezele omunye ngoba engakholelwa kulokho omunye akholelwa kukona. Esikufunayo ngukubona izindawo zasemakhaya zithuthuka ngesivinini manje.

Ngifisa ukusho futhi ukuthi ngaphandle kwala ma-project esikhuluma ngawo lapha, kuvele sekunemali engu- R289, 4 million esiyifake ekwakheni nokugcina imigwaqo isesimweni esifundeni saseMzinyathi kulo nyaka wezimali u-2011/12, ingxenye eningi yayo engene ezindaweni zasemakhaya.

